IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

45/2015 Intshumayelo ngesonto 13 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 30. 08. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuMath. 25:40, lithi: **"Ngiqinisile kini, njengokuba nikwenzile komunye walababafowethu abancane, nikwenzile kimi."**

1. Iculo 280/186

2. Umkhuleko: Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga ngokuba kuyiSonto namuhla, siyabonga ngokuba waqoba ukufa ngalolusuku lokuqala lweviki ngokuvuka kweNdodana yakho, kuze kube namuhla ibandla lakho liyahlangana emhlabeni wonke ukuba likhonzwe nguwe ngezwi lakho nangesidlo sakho esingcwele. Sikhonze, Baba, ngoMoya wakho ukuba silizwe, silifunde izwi lakho ngokujabula. Sikhonze ngoMoya wakho ukuba nathi sibe namandla wokukukhonza wena nomakhelwane wethu. Lokhu sicela egameni likaJesu Kristu onguMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuGen. 4:1-16a;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Joh. 4_7-12;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMarku 3:31-38.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 276/134

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 10:25-37, lithi: "Bheka, kwase kusukuma isazimthetho esithile, samlinga sathi: Mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na? Wathi kuso: Kulotshweni emthethweni? Ufunda kanjani? Saphendula sathi: Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho, nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Wayesethi kuso: Uphendule kahle; yenza lokho, uzakuphila. Kepha sona sithanda ukuzithetha sathi kuJesu: Umakhelwane wami

ngubani na? UJesu waphendula wathi: Umuntu othile wehla eJerusalema eya eJeriko; watheleka phakathi kwezigcwelegcwele, zamhlubula izingubo, zamshaya, zamuka zimshiya umndondo nje. Kwaqabuka kwehla umpristi othile ngaleyondlela; wathi embona, wamgwemela. Kanjalo nomLevi, efika kuleyondawo embona, wamgwemela. Kepha umSamariya othile owayesendleleni wafika kuye; wathi ukuba ambone, wamhawukela; waya kuye, wabopha amanxeba akhe ewathela ngamafutha newayini, wamkhwelisa esilwaneni sakhe, wamusa endlini yezihambi, wamgcina. Ngangomuso wakhipha odenariyu ababili, wabanika umninindlu, wathi kuye: Mgcine, nalokho okwelekelayo ngiyakukubuyisela kuwe ekubuyeni kwami. Ngumuphi ngokubona kwakho kulaba abathathu owaba ngumakhelwane wakhe owatheleka phakathi kwezigcwelegcwele na? Sathi: Yilowo owamenzela isihawu. Wayesethi uJesu kuso: Hamba wenze njalo nawe." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, leliVangeli lanamuhla liqala ensimini yase-Edene. "UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo; bheka, kwakukuhle kakhulu." Gen 1,31a. UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu wambeka ensimini yase-Edene ukuba ayilime, ayigcine. UJehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: 'Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho, kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa." Gen 2,15-17. Kusho ukuthi uNkulunkulu wamlungiselela umuntu konke kahle kakhulu ukuba akwazi ukuphila kahle ensimini yase-Edene. Umyalo kaNkulunkulu waba lula kakhulu, ngokuba emnika yonke imithi ensimini, kuphela wamyala ukuba angadli kulomuthi owodwa. Kwezwakala kalula lomyalo. "Ungadla!" "Ungadli", kuyisiZulu, kuyisiJalimani, kuyisiNgisi. Wakuzwa kahle u-Adamu lomyalo kaNkulunkulu. Kodwa walingwa, wawela esonweni, wadla kulomuthi wokwazi okuhle nokubi.

"Mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?" Bathandekayo eNkosini ukuphila siyakuthanda, siyakufuna. Ukuphila okuphakade siyakuthanda, siyakufuna. UNkulunkulu wamdala umuntu ukuba aphile kahle kakhulu ensimini yase-Edene, kodwa umuntu wayengamethembi walandela inkhohliso kaSathane ngalendlela wangenisa ukufa, kusuke khona ukufa kuyisabelo, kuyinxenye yokuphila kwethu. "Mhla udla kuwo uyakufa nokufa." Ukuphambana nentando kaNkulunkulu kuyaletha ukufa. Ukungagcini imiyalelo yakhe okuyisono, kuyaletha ukufa. Siyafunda lokhu njalo enkonzweni yomgcwabo: "Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile." Ro 5,12. Kusho ukuthi kulula kakhulu. Ongoni uyaphila, kodwa onayo uyafa.

Manje sifanele ukukhumbula ukuthi siyizoni sonke ngemvelo yethu, nokuba siyinzalo ka-Adamu. Abazali bethu bayizoni, bazale izoni, thina. Nathi siyabeletha izoni, ngokuba izoni ziyabeletha izoni. Kusho ukuthi sonke sizophela ekufeni, sizoshona ekufeni. "Ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile." "Mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?" Ake sibone ukuthi isazimthetho samlinga uJesu ngalombuzo, asifunanga ukuphendulwa noma ukufundiswa kodwa safisa ukubamba uJesu ngombuzo wakhe. Kodwa uJesu uyamphendula, uyamfundisa ngokumbuza naye. Uthi: Wena uyisazimthetho kusho ukuthi uyawazi kahle umthetho kaNkulunkulu, "kulotshweni emthethweni?" "Ufunda kanjani?" Uthini umthetho kaNkulunkulu, bazalwane, ithini lemiyalelo yakhe. Imisho eyishumi ilula, sonke sayifunda. Izasimthetho sazi kahle kakhulu impendulo wathi: "Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho, nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena." Ngalokhu isazimthetho siyahlanganisa wonke umthetho kaNkulunkulu ngemisho emibili. NoPawulu uthi encwadini kwabaseRoma ukuthi: "Ningabi nacala lani nakubani, kuphela elokuthandana; ngokuba othanda omunye uwugcwalisile umthetho. Ngokuba lokhu ukuthi: 'Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafisi,' noma ukhona omunye umyalelo, kuyahlanganiswa kulelizwi elithi: 'Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.' Uthando alwenzi okubi kumakhelwane; ngakho-ke uthando lungukugcwaliseka komthetho." Ro 13,8-10. Siyabona yini ukuthi umthetho kaNkulunkulu uyezwakala kalula. Akakhulumi ngemifanekiso, akakhulumi ngezimfihlakalo lapha uthi kuphela: "Ungadla!" "Ungadli!" noma ngezwi lanamuhla: "Thanda uNkulunkulu!" "Thanda umakhelwane!" KuyisiZulu bathandekayo eNkosini, isiZulu esezwakala futhi.

UJesu uyancoma sona isasimthetho: "Uphendule kahle!" Singajabula kambi uma esho kithi ngalendlela. "Uphendule kahle!" kusho ukuthi wanqoba, waphumelela kulombuzo kaJesu, akahlulekanga. Kodwa uJesu akami lapha uyaqhubeka uthi: "Yenza lokho, uzakuphila!" Lendaba iyaqala inkinga. "Yenza lokho, uzakuphila." Kusho ukuthi ulwazi alumsizi, ufanele ukwenza umthetho kaNkulunkulu. Yebo, ngiyazi yonke imiyalelo kaNkulunkulu kodwa angiyigcini. Kusho ukuthi akusizi lutho ukwazi umthetho, kuphela uma sikwenza futhi lomthetho wakhe. "Yenza lokhu, uzakuphila!"

Kodwa thina abantu sihlakaniphile kakhulu, siyakwazi ukuzilandulela nokusho izathu zokuhluleka kwethu. "Kepha sona (isazimthetho) sithanda ukuzithetha sathi kuJesu: 'Umakhelwane wami ngubani na?'" Sorry, angimazi umakhelwane wami, ngenxa yalokhu

angikwazanga ukumkhonza, ukumsiza, ukumelekelela, Nkosi. Siyahlakanipha kakhulu. NoJesu uyasifundisa ngokwahlulela kwakhe ekugcineni kwezinsuku ngokufundisa ngabangakwesokhohlo uthi bazothi: "Nkosi, sakubona nini ulambile, noma womile, noma ungumfokazi, noma uhamba ze, noma ugula, noma usetilongweni, singakukhonzanga na?" UNkulunkulu wamnika u-Adamu ithuba lokuvuma isono sakhe kodwa u-Adamu wazithetha, wazilandulela wathi: "Owesifazane, owangipha yena ukuba nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla." Gen 3,12. Kunzima kakhulu kithi ukuzisola, ukuvuma izono zethu, ukuvuma okubi kwethu. Asithandi ukuvuma ukuthi sonile, senzile okubi. Nesazimthetho siyazithetha sithi: "Umakhelwane wami angimazi!" Siyathanda ukusho ukuthi silungile, silungile nangaphambi kukaNkulunkulu, sizophumelela, sodla ifa lokuphila okuphakade, ngenxa yobuhle bethu.

UJesu waqala umfanekiso, umfanekiso womSamariya onesihawu. Owamsiza umuntu owatheleka phakathi kwezigcwelegcwele. Cishe wafa lomuntu, kodwa ngomusa womSamariya wasinda. Sifanele ukukhumbula ukuthi babengazwani abaJuda namaSamariya, babengasizanani kakhulu. Mhlawumbe abathile bayakhumbula uJesu emthonjeni kaJakobe, lapha ecela khona amanzi kowesifazane waseSamariya. Lo wathi kuJesu: "'Yini ukuba wena ongumJuda ucele ukuphuziswa yimi engingowesifazane waseSamariya na?' Ngokuba abaJuda abadlelani namaSamariya." Joh 4,9. Kusho ukuthi lomSamariya emfanekisweni kaJesu ukhomba umusa omkhulu kakhulu ngokuba wasiza isitha sakhe. Siyakhumbula uJesu esho kuLuka 6: "Kepha ngithi kini enizwayo: Thandani izitha zenu, nenze okuhle kwabanizondayo, nibusise abaniqalekisayo, nibakhulekele abanidumazayo. Okushaya esihlathini, mnike nesinye; nokwaphuca ingubo, umgamnqabeli nabhantshi. Muphe yilowo nalowo ocela kuwe; nokwaphuca okwakho, ungabuyi ukubize kuye. Njengalokhu nithanda ukuba abantu benze kini, yenzani njalo kubo. Uma nithanda abanithandayo, ninakubongwa kuni na? Ngokuba nezoni zithanda abazithandayo." Lk 6,27-32. Othandayo makafunde kuze kube endemeni 36 ethi: "Yibani nesihawu, njengokuba uYihlo enesihawu." Siyabona ngokwenza umthetho akulula njengokuwazi umthetho. UmSamariya onesihawu wamenzela umuntu isihawu, umusa, ububele. Akabuzanga okuningi kodwa wakwenza. Wamsiza umuntu owadinga usizo lwakhe. "Yenza lokho, uzakuphila!" UmSamariay onesihawu wamenzela okuningi okuhle ukuba asinde lomuntu owatheleka phakathi kwezigcwelegcwele.

"Ngumuphi ngokubona kwakho kulaba abathathu owaba ngumakhelwane wakhe owatheleka phakathi kwezigcwelegcwele na?" Nakhona isazimthetho sayazi kahle impendulo sathi: "Yilowo owamenzela isihawu!"

UJesu Kristu uyasifundisa ngezwi lentshumayelo yanamuhla ukuthi umthetho kaNkulunkulu uyasilahla sonke, uyasikhombisa icala lethu kubo abantu abaningi. Asikwenzanga njalo njengokusho komthetho, futhi asinakho ukuzilandulela, ngokuba sazi ukuthi umthetho uyasilahla. Asithandanga umakhelwane wethu njengalokhu sazithanda thina. Ake siphephele kuJesu Kristu ngecala lethu, sazi ukuthi yena walithwala emzimbeni wakhe.

UJesu Kristu wakwenza, wagcina wonke umthetho ngokuphelele, yena unguMsindisi wethu. Yena wafika emhlabeni, wathola abantu ababetheleka phakathi kwezitha zabo, isono, noSathane, nokufa okuphakade. Wathwala konke okubi emzimbweni wakhe ukuba asisindise. Wagcina umthetho kaNkulunkulu. Ngalendlela wavula isango sokuya ekuphileni okuphakade. UJesu Kristu wasenzela isihawu, wathwala izono, ukugula nokufa kwethu emzimbeni wakhe, ukuba sisinde ekufeni okuphakade, sidle ifa lokuphila okuphakade. Okholwa nguye unokuphila okuphakade. Nguye ngoqobo lwakhe ungumSamariya onesihawu. Okholwa nguye unokuphila okuphakade.

Sisaphila lapha emhlabeni uyafuna kithi esingabafundi bakhe ukuba simkhonze yena nomakhelwane wethu. Sizame ngamandla kaMoya oNgcwele ukuba sikwenze okuhle siyeke okubi. Sisize, sikhonze, simthande umakhelwane wethu, njengalokhu naye wasisiza, wasikhonza, wasithanda, wasisindisa. Bathandekayo eNkosini sinecala kumakhelwane wethu, icala lokumthanda.

9. Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga izwi lakho. Unomusa kithi esingabantwana bakho, sisize ukuba sikulandele endleleni yakho yokukhonza abantu bakho, sithethelele izono zethu nalapha singakhonzanga omakhelwane wethu ngendlela efanele. Siyabonga ngokuba wasithumela uJesu Kristu owasisindisa ngegazi lakhe siphe njalo ukukholwa nguye. Siyakhuleka egameni lakhe. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo - / 144

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.